

# KUMENYWA IZAKHAMIZI ZAKU-INK EZIFISA UKUFAKA IZICELO OHLELWENI LOKUTHUTHUKISWA KOSONKONTILEKA LWETHEKU NE-NCI

## AMA-GRADE 1-5 E-CIDB

Ukuze kuqinisekiswa ukuthi osonkontileka abasafufusa bayathuthukiswa, isikhungo sokuthuthukisa osonkontileka emkhakheni wezokwakha kuzwelonke (iNational Construction Incubator) ngokubambisana noMasipala weTheku simema zonke izinkampani zosonkontileka abasemkhakheni wokwakha ezinentshisekelo ukuba zibambe iqhaza kulolu hlelo lokubathuthukisa.

### Ukuze ukwazi ukungena kulolu hlelo, kumele:

- Ube ngumuntu ohlala ezindaweni ezingaphansi kweNanda, iNtuzuma naKwaMashu (INK)
- Ube ku-Grade 1 kuya ku 5 kwi-CIDB
- Kukhuthazwa abantu ababencishwe amathuba phambilini (HDI) ukuba bafake izicelo

Uhlelo luhlose ukukhuthaza ukukhula nokuzimela kosonkontileka abancane nabaphakathi nendawo ngokuthi bathuthukise amakhono futhi bakhulise ama-Grade abo e-CIDB isikhathi esiyiminyaka efinelela kwemithathu (3).

### ISIMO SOHLELO

Lolu hlelo luzobe lwakhiwe yilezi zigaba ezilandelayo: Isigaba 1 kuya ku 2 (uhlelo olwandulela olokufundiswa) kanye nesigaba 3 kuya ku 5 (uhlelo ngqo), lwemikhakha yemisebenzi yokwakha. Loluhlelo luhlanganisa ukucathuliswa, ukuqeqeshwa nokwesekwa ekuthuthukisweni kwamakhono.

### Kumenywa izicelo zosonkontileka ababhaliswe ngaphansi kwale mikhakha yemisebenzi.

Isigaba 1 & 2	Imikhakha Yemisebenzi	Isigaba 3 & 4	Imikhakha Yemisebenzi
CIDB Grade 1	GB, CE, EB, EP ME, SF, SK, SQ, SJ, SM, SN, SO & SH	CIDB Grade 3	GB, CE, EB, EP ME, SF, SQ, SK, SJ, SM, SN, SO & SH
CIDB Grade 2	GB, CE, EB, EP ME, SK, SQ, SF, SJ, SM, SN, SO & SH	CIDB Grade 4	GB, CE, EB, EP ME, SF, SK, SQ, SJ, SM, SN, SO & SH
		CIDB Grade 5	GB, CE, EB, EP ME, SF, SK, SJ, SQ, SM, SN, SO & SH

### AMAFOMU OKUFAKA IZICELO

Amafomu okufaka izicelo neminingwane yohlelo atholakala kwi-website ye-NCI ethi, [www.natci.org.za](http://www.natci.org.za) nekaMasipala weTheku: [www.durban.gov.za](http://www.durban.gov.za)

#### IMIBUZO:

Yonke imibuzo kufanele ibhekiswe kuNompumelelo Nyawose kuleli Kheli: [nnyawose@natci.org.za](mailto:nnyawose@natci.org.za)

#### UKUBUYISWA KWAMAFOMU:

Osonkontileka abanothando kumele bagcwalise amafomu okufaka isicelo babuyise esehambisana nalawa maphepha alandelayo:

- Ubufakazi bokubhaliswa kwa-CIDB. Abasemkhakheni we-EB bafake ilayisense ka-wireman obhaliswe ngaphansi kwegama lenkampani. Osonkontileka kumele kube ngasebebhalise kwa-CIDB okungenani unyaka owodwa.
- Amakhophi aqinisekisiwe amaphepha okubhaliswa kwenkampani (akhishwa yi-CIPC);
- Amakhophi aqinisekisiwe omazisi babanikazi benkampani;
- Isitifiketi esiwungqo, esisebenzayo nesisemthethweni se-Tax Clearance esikhishwe kwa-SARS;
- Isitatimende esifungelwe se-BBBEE esiqinisekisa isimo se-BBBEE
- Umbiko we-CSD nenombolo ye-MAAA, lokhu kumele kube kuprintwe esikhathini esingeqile ezinyangeni ezintathu;
- Ubufakazi bekheli lendawo yokuhlala eseNanda, KwaMashu naseNtuzuma noma incwadi kagesi noma yamanzi evela kwaMasipala
- Usonkontileka kumele abe nonyaka noma ngaphezulu esebenza
- Isitifiketi sabanikazi bamasheya
- I-CV yabo bonke abanikazi nabaphathi (uma bekhona)
- Isitatimende sezimali sakamuva esisayiniwe
- Ama-akhawunti akamuva okuphathwa kwebhizinisi

### UKUFANELEKA

Kuyobhekelelwa kuqala lezi zinhlobo ezilandelayo zosonkontileka:

- Osonkontileka abane-CIDB ekuGrade 1 kuya ku 5 emazingeni okusebenza awu-GB, CE, EB, EP ME, SQ, SK, SF, SM, SJ, SN, SO & SH; asebenonyaka bebhalisile
- Izinkampani eziphethwe abantu abahlala eNanda; KwaMashu naseNtuzuma ngaphansi kukaMasipala waseThekwini.
- Osonkontileka abasafufusa be-EME ne-QSE okungamabhizinisi abesifazane, intsha nabakhubazekile.
- Amabhizinisi ezakhamuzi zaseNingizimu Afrika (izakhamuzi zasemazweni angaphandle angeke zemukelwe noma ngabe sezinobuzwe bakuleli);
- Kumele kuvezwe umlando mayelana nemisebenzi yalowo mkhakha wokusebenza okhethiwe.

### ABANGEKE BABHEKWE NOKUBHEKWA

Laba osonkontileka abalandelayo NGEKE babhekwe:

- ANGEKE emukelwe ama-Joint Venture;
- Abantu abasebenzela uhulumeni (noma ngabe bagunyazwe abaqashi babo);
- Osonkontileka abakolunye uhlelo lokuthuthukiswa kosonkontileka;
- Abantu ABANGAZIMISELE ukuzibophezela kwimigomo yalolu;
- Abafakizicelo bangaphandle kwezindawo ezibaliwe;
- Izinkampani zabokufika;
- Abakwi-CIDB engaphezu kwalena eshiwo ngenhla.

Bonke abafakizicelo abanamaphuzu angaphansi kuka-70% emaphuzwini adingekayo esewonke ngeke babhekwe uma sekwenziwa isigaba esilandelayo sokuhlunga.

Ngenxa yezikhala ezibaliwe, kuzokhethwa kuphela osonkontileka abahlangabezanayo nenqubo yokuhlunga ebekiwe.

Amafomu ezicelo aseyalolokala kulama website: <http://natci.org.za> nethi [www.durban.gov.za](http://www.durban.gov.za)

Amafomu ezicelo ayatholakala ehhovisi le-NCI eliKwaMashu, kwa-M, 76 Bungezi Road.

**Izicelo zivalwa mhla ka-25 Agasti 2023 ngo-16h00 ntambama**

### NGEMINYE IMININGWANE

Ungaxhumana no: Mr Samkelo Mahlaba

Ucingo: 068 561 0127

I-email: [smahlaba@natci.org.za](mailto:smahlaba@natci.org.za)

Ungaxhumana no: Ms Lungile Ngubane

Ucingo: 031 311 4500

I-email: [Lungile.Ngubane@durban.gov.za](mailto:Lungile.Ngubane@durban.gov.za)

